*"Wonke umuntu unelungelo lokuthola isibonelelo, okubalwe nokubonelelwa kwezenhlalo, uma lowo muntu engekwazi ukuziphilisa yena nalabo abondlayo. Umbuso kufuneka uthathe izinyathelo zomthetho ezinohlonze kanye nokunye, ngokwemithombo okufinyeleleka kuyo, ukuze ngalinye ilungelo kulawa l ifezwe ngendlela eqhubekayo"*

- ***Kucashunwe kwiSigaba 27 soMthethosisekelo wase Ningizimu Afrika.***

**ISIHLANGULO KWEZOMTHETHO:**
Yize kwenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ukuthi ulwazi olushicilelwe lapha lungolufanele, abeBlack Sash ngeke babekwe cala ngenxa yokulahlekelwa noma ukonakalelwa okungadaleka ngenxa yokwethembela kulolu lwazi noma ngenxa yokusebenzisa lolu lwazi. Okuqukethwe lapha akusona iseluleko sezomthetho. Ulwazi olukuleli khasi lugcine ukubuyekezwa ngoMashi 2010.

**INOMBOLO YOSIZO YAMAHHALA YAKWASOUTH AFRICAN SOCIAL SECURITY AGENCY (SASSA):**

**0800 60 10 11**

Uma uhlangabezana nanoma iyiphi inkinga ekufakeni isicelo seSibonelelo, sicela uthintane namahhovisi abeBlack Sash esifundazweni sangakini ukuze uthole iseluleko (paralegal) nokusizwa MAHHALA.

BLACK SASH HELPLINE

**072-66 33 739**

**help@blacksash.org.za**

# YOU AND YOUR RIGHTS

# Wena Nezibonelelo - Ephreli 2010/11



BLACK SASH

MAKING HUMAN RIGHTS REAL

| Isibonelelo | Inhloso | Ubani ongafaka isicelo? | Inani lesibonelelo | Isikalo sokuvumeleka (umkhawulo wemali engenayo nezimpahla onazo ukuhlola ukuthi uvumelekile yini ukuthola isibonelelo) |
|---|---|---|---|---|
| **Isibonelelo Sesondlo Somntwana** | Isibonelelo semali kulabo abakhulisa izingane eziswele. | Umzali noma umuntu okhulisa izingane ezizalwe ngemuva kuka 31st December 1993. Izakhamuzi zaseNingizimu Afrika + Abahlali ngokukanomphela | **R250** | Imali engenayo: Ongashadile = R2 500 ngenyanga noma R30 000 ngonyaka; Oshadile = R5 000 ngenyanga noma R60 000 ngonyaka; Akukalwa zimpahla onazo. |
| **Isibonelelo Sokukhulisa Izingane Njengomzali** | Isibonelelo semali kulabo abakhulisa izingane benjengabazali (kufuneka babe nomyalelo wenkantolo obagunyazayo) | Abazali abakhulisa izingane okungezona ezabo ezingakayihlanganisi iminyaka engu-18 (noma kuze kufike kwezineminyaka engu-21, uma lokho kunconywe usonhlalakahle); Izakhamizi zaseNingizimu Afrika + abahlali ngokukanomphela + aBabaleki | **R710** | Akukalwa zimpahla onazo. |
| **Isibonelelo Sokunakekela Ongekwazi Ukuzisiza** | Isibonelelo semali kulabo abanakekela ngokukanomphela izingane ezikhubazeke kanzima ngokomqondo noma ngokomzimba (kufuneka zihlolwe ngodokotela). | Umzali noma umnakekeli noma umuntu onjengomzali ezinganeni ezinonyaka kuze kufike kwezineminyaka engu-18 (hhayi abantwana abancane kakhulu); Izakhamizi zaseNingizimu Afrika + abahlali ngokukanomphela + Ababaleki | **R1 080** | Imali engenayo: Ongashadile = R10 800 noma R129 600 ngonyaka; Oshadile = R21 600 ngenyanga noma R259 200 ngonyaka; Akukalwa zimpahla onazo. |
| **Isibonelelo Sokukhubazeka** | Isibonelelo semali kubantu abadala abangekwazi ukusebenza ngenxa yokukhubazeka ngokomqondo noma ngokomzimba. | Abantu abadala abaneminyaka engu-18 kuya eminyakeni egu 59, noma izakhamizi zaseNingizimu Afrika ezingabantu asebebadala + abahlali ngokukanomphela + aBabaleki | **R1 080** | Imali engenayo: Ongashadile = R2 606 ngenyanga noma R31 296 ngonyaka; Oshadile = R5 216 ngenyanga noma R62 592 ngonyaka; Izimpahla onazo: Ongashadile = R518 400; Oshadile = R1,036,800. |
| **Isibonelelo Sabadala** | Isibonelelo semali kwabesilisa nabesifazane asebebadala. | Abesifazane nabesilisa kumele babe neminyaka engu 60 nangaphezulu<br>kwizakhamizi zaseNingizimu Afrika + nabahlali ngokukanomphela | **R1 080** | Imali engenayo: Ongashadile = R2 606 ngenyanga noma R31 296 ngonyaka; Oshadile = R5 216 ngenyanga noma R62 592 ngonyaka; Ukukalwa kwezimpahla onazo: Ongashadile = R518 400; Oshadile = R1,036,800. |
| **Isibonelelo Sosizo** | Isibonelelo semali kulabo bantu abadinga ukunakekelwa ngokuphelele ngomunye umuntu (kube ngabantu asebevele behola iSibonelelo Sabadala; iSibonelelo soKadebona Kwezempi noma iSibonelelo Sokukhubazeka) | Abantu abadala abaneminyaka engu-18 noma asebebadala abayizakhamizi zaseNingizimu Afrika + abahlali ngokukanomphela Ababaleki abadala abakhubazekile nabakhulisa izingane njengabazali | **R250** | Akukalwa zimpahla onazo. |
| **Isibonelelo soKadebona Kwezempi** | Isibonelelo semali kwabesilisa nabesifazane ababebambe iMpi Yokuqala Yomhlaba, Yesibili noma yaseKorea. | Abesifazane = 60 noma ngaphezulu<br>Abesilisa = 60 noma ngaphezulu; Izakhamizi zaseNingizimu Afrika + abahlali ngokukanomphela | **R1 100** | Imali engenayo: Ongashadile = R2 606 ngenyanga noma R31 296 ngonyaka; Oshadile = R5 216 ngenyanga noma R62 592 ngonyaka; Izimpahla onazo: Ongashadile = R518 400; Oshadile = R1,036,800. |